K13/27 b

SER.473 (11) H.V. MHLONGO

Southern Natal customs connected with birth and infancy.

[1k] Kutala continued. K13/27 1 33

49.

A6anu nokufwanele 6asite ma ku6elethiswa, uninatala, nenina wemshakazi.

Kunele kuphume ingane, nje, 6ohe 6afati na6e6e6amba, 6adamuke. Ngoba phela se6ewedile use6edi wa6o. Se yiphumile ingane.

6adeda, nje, ngo6a tino netiphumayo atitshanji kuphatshwa yi6anu 6ekuyamba ngo6a tiyikuphila kwemunu.

Cafati na6atshakatshayo, umunu 6amcwiya e6eletshe. Athi mhla esinja nje, angaphumi. Agule afe, noma kufe ingane. Nga koke kuwutshetho nowetiwayo kokutshi ma ingane seyiphumile nemtanyana, nako konke nokuphumayo, ma ku6eletshwa, 6ayahlehla 6ohe 6afati na-

2. na6e6eto6elethisa. Tino tohe netiphumileyo ticocwe yi6anikati fati no6eletsheyo. Nekydla ma esagovile ukuphekelwa yi6ona. Nemadi ekugeza awafujumetelwe yi6ona neti6i kulendlu noku6eletshelwe kuyona, atiphumi. Tishanelwa cede ti6ekwe incwa6a endlini. Tote ti6utshwe mhla kwawa iya6a kwahula ingane.

Ma e6eletshe ufati uhlala kasi athi thekence. Atimince yihona kutohlangana. kuja6uka. Kute kungatshi ma eyamba ku ngene umoya a6e nesiklwi, atshi ma eyamba kuyambe kutshi twexe twexe.

Ma ku6e luhuni kwate kwa funwa umunu wekuhiphela, uye atshi ma esecejile kuhiphela, agete tandla tahe ahombiswe iyomo yahe yekuhiphela. A6e se-

3. 6uyela emuva keayekele 6anu 6ehaya nese6edi wa6o.

50.

Kuye kutshi ma umunu etele ingane yefwana, iye ingalinqeli libele lenina kute kuphele tisuku netiyisitshupha. Kutshi ngelusuku lwesihombisa ke inqele.

Uma ingane kuyinombatana, iye inganqeli kute ku6e tisuku netine. Kutshi ngelwe sihlanu lusuku, ingqele.

Nito6uta kwekutshi yayidlani tohe letisuku? Ngitonitshela, ke. Yayi qhathatelwa ligula iphuze amasi. Ku6e sekuqalwa ligula layo ke ingane. (Njengo6a niva siga sekutshi, ma umunu eqala nomumwe, nye atshi

4. noqaliweyo, "Uyangi qala, ke, wena!" A6e sephenjula ke lowo noqale nomumwe atshi, "Ngikuqala, nje, uyigula lesitshole yini ?").

Leligula neliqaliweyo, ke, itoliphuza njalo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ingane. Liloku lithiwa njalo ma kusengwa. Iliphuze ite 16e nemandla ekudla amasi na vu6iweyo. Uma kwedeka ingawatshandi amasi, ixakwe ngawo ite iwafunje.

Ingeke ingane iphile ngeli6ele lenina lojwa. Iyalamba. Kufuneka italwe ceje idle amasi.

Kutshi, ke, ma sekufike lilanga leku6a inqele ingane, inqeliswe ke. Kojwa ingayeki kuphuza.

Uva kuye kutshi noma umunu e6ingelela unina wengane atshi, "Saku6ona!" Atshi, "Ehe!" Atshi, "Usaphila?"
5. Atshi, "Ehe! Ngingeva nina!" Atshi, "Isaphuza ingane?" atshi", Ehe, isaphuza" Ku6utwa wona amasi ukutshi isawaphuza yini, njengetshetho we kutshi ma ingane itelwe kuhle iphuze.

Ma kungasengwa ehaya, intusi iye iqelwe kunomumwe umuti kuqelelwe ingane, yihona itophuza. Kwakungemahloni kuqelela ingane intusi emtini.

Me kungeho ndlela nelite yekutshola intusi, ke, kuye kutshi unina aloku eyisilela inqumbe yedo6e. Iphuze yona. Akufuneki ingane 16e nelihefece ngesisu nesineliphangu, idla li6ele lojwa. Kufuneka ingane iphuze. Ihuluphale. Isinde no ma umunu eyifukula. Inga6i yinywana nelula nje, isinde.

Inja6a neyeda koku6a ingane inganqeli, ma kuyingane yefwane kute kuphele tisuku netiyisitshupha
6. ma kuyinombatana kuphele tisuku netine, kwedelwa koku6a ingane inganqeli uthu6i. Kute kuhlambuluke li6ele kuqala. Atshi umdletane ma elehama liklaze litshi kla, kla, kla! Yihona ingane ingeke inqele kufa. Ma lingakahlambuluki, iphuza amasi.

51.

Ingane, (lusane) ma lutelwe, lubosha livangati (lijengetimu) ngako ke, ma iya6a ingakawi, ingane iphutiswa ligxolo lemsinsi, lifujume tiwe, yihona litojudela livangati liphume liphele. Ngo6a yilona nelidala sitshakatshi enganeni. Ma unina esesindile, ke, nengane seyihulile, yawa iya6a, 16e se ishunqiselwa ngetinyamatane. Ku6e sekufunwa nemahambi ke ekuboja, ibojwe ngawo.

Ku6e sekuyiwa kumunu nowati utshi weligula.
7. Awumbe Awucwije ufakwe eliguleni lengane. Utshi ma sewunqi6ilikile, ke, lusane lucucute. Lutshi ma selucucute kahulu, uhishwe eguleni. Kutshi ma unina esefuna koku6aluphinje lucucute, awufake. Njalo, nje.

Kutshi nanganelimwe lilanga embe utshi wemasi eli6ele, ngo6a yilona li6ele nelidala kufa enganeni. Utshi lowo ukhandwa ceje, uxovwe ngentusi, ingane ibojwe ceje ihiphelwe esigqakini, unina ayivimbe,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ingawuhiphi kute kuvushwe intusi. Itshi ma iwuhipha
kucale kuphume lulaza. Ku6e sekulandela imimpomgozi
ye masi eli6ele. Kuphume ke kufa enganeni.

Nakesuku ma ingane i hala, uyavuka unina
afujumete lihambi ayicime, eyiphotisa.

53.

Ma kunzima, ufati e6eletsha enga6eletshi,
8. kutshi noma ta6a tohe setejiwe, kojwa kunga6eletsheki,
kuyaphutshunywa impela. Kucala, kuye kutshi 6afati 6a6one
nekutshi uyesa6a yini ufati. Ma esa6a, 6am6one,
kokutshi ufuna kwehama ingane, 6amtshele 6amtshethise. 6a
mshaye.

Ma esehlule lohe lelosu, esadlule esa6a,
kufunwe tinambo tetomo, a6oshwe ngato emanyongeni,
ahleketwe. Kuhubutwe indlu tihiphelwe ngekandle.
Tidonswe yimajoda ngakandle. Ku6e ngehatshi kulengiswe
inambo etulu nato 6ophetelwa kuyo ngetandla. kweluswe
lihanja lahe ke koku6a linganyakati. Li6ambwe. Ma
6ekuyikwesa6a, nje, uyayitala ingane ilunge. Ku6e
uyena ke nosale efutshelwa yitilonja tenambo, na6ehulekwe
ngayo.

Futshi 6a6one 6afati ma kunzima, nje, ufati
9. engeve esa6a 6a6ike emajodeni kuphutshunywe umhipheli.

Kuye ku6onakale. Ngo6a u6ambwa a6ambwe, ate
anuke umdlezane. Ku6onakale nje ukutshi uyatala impela
ngo6a nema6ika seku6ona kala na6omvu. 6am6ambe 6amcinise
aqule, aqule, ehanyula, ate ajuluke a6e madi teke.
Afujumale ate aphole futshi. A6uye atshathele futshi.

6a6one ceje, 6aphutshume 6a6ike emajodeni.
Aphutshume um unu nokwati kufaka sandla. amhiphele.

Kanti kunesimwe sihatshi innganе i6igaxile
yehluleka yiku phenjuka. Kunesimwe sihatshi i6ifuna
kuphuma nyovane. Ma litshu6a lisehona, ayive ceje
umkhokheli ayi6uyisele emuva ayiphenjule. I6e seyita
ngehloko ke. Ma sesingaseho si hatshi, ayinqenqe ngato
10. tinyawo ayihiphele nyovane iphile. Uve umuntu etshi,
"ngitele nyovane."

Nomumwe ufwati, ingane yehluleke
yikuja6ula indlela yekuphuma kutshi ma kunjalo a6one
umkhipheli, amsike. Iphume ingane.

53.

Ma ku6onakala kokutshi kuluhuni kanti nefati
ave esa6a, a6one umhipheli kokutshi cha, kuluhuni. Ake
nihulume. Mhlaumbe u6ambwe e6aku6o. Emuliswanga
unwanwa. Alungiswanga ekhwa6o mhla enjayo. 6atshukutshele
na6akasi 6a6ute imahla. Nemandla yeyise kwekutshi iphi?

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

4

SER.473.

K13/27

54.

Kuphume ufati nomjala ehaya, kanye
nemnini muzi 6a shweleze kwe6akasi. 6a6onge amadloti
6a6a6aze impela! 6eshweleta kwekutshi Awu! Sedeni
kunina 6asekutshini? Nisi6ambe ngani kufati
11. wasi6ani6ani. Loku noma imandla engayi hiphanga nje,
u6etotala nje ceje uyise ayiletshe na? Loku noma
imahla ye6anu 6emtini engayiphelelisanga, shwele, nina
6akekutshini, u6eto6eletsha nje ayilungise ayihiphe.

Loku noma e6e yiluhlanya ethuka nemalungu
emtini nayo ke imbuti nehlophe nehiphwe uyise ehlawula
6uphoxo 6engane yahe! Seningate ni6ulale Si6ani 6ani
ngesono sefwati wahe? Yini yona ufwati! Shwele! Shwele
6aba. (6esho 6eyihla6a imbuti leyo noma yiyomo) Kuhle
ayitale nje ingane yasi6ani6ani. Ninga 6e senim6amba
ufati ngaloko.

Nempela ufati atale. Iphu me ihale ingane.

Kanti kunesimwe sihatshi ufwati u6ambwe
yimadloti emtini u6ephingile Waphika. Wathuka a6anu
12. wa6acova, wa6axova ehaya. Manje ke uyatala. Kufuneka ku
hulume yena liciniso. Asho kokutshi lengane uyiphinge
ku6ani wa sesulela ngenjoda yahesisu. Kwa tshi ma
6emhulumisa 6akemtini wa6atshuka. Manje uyatisola nge
kweda kwahe. Utotshi ma enga6e eslitshole litshu6a
aye kuyise ati6ike alanje iyomo atohlawula.

A6e sesuka ke umnumzane wehaya lapho,
etshetha. Ebula tindlu ngenjuku. Ethi Shwele Nina
6ekwethu! Ningeke nim6ambe ufwati wasi6ani6ani!
Myekeni atale! Utoya kolanja imahla leyo kuyise
ahlawule! Uvumile Nivile. Ningeke ni6e seni6ulala
si6ani6ani ngefwati wahe! Ni6ati 6afati kuyitilima!
Shwele nina 6ekhwethu!

Iphume ingane ihale.

Kunesimwe sihatshi ufati usuke elunjelwe
13. kwekutshi uyo kufa etala! Ngo6a phela maningi
amalumbo e6anu. Njengo6a u6ona kungashiwo nje ma
umunu e6uta tinyanga taho, awutisho. Usuke efuna
kuku6ulala. Aconjanise nelilanga laho lekutala, ufe
utala.

Ma kuyili6ulawo, ke, futshi, ti
nyanga tifika netihwama. Tishunqise, tiqo6e telaphe.
Nomumwe atale, ngekusitwa yinyanga leyo neyelaphe
li6ulawo lelo.

55.

Kunesimwe sihatshi ufati ashaywe
yilithwa6i afe impela ecumbile, engatalanga. Yitinja6a

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

teli6ulawo.

Ma kunjalo, ke, inyanga ithatha ukhono inike injoda yahe a mbo6ose esiswini, kuphume umoya, angate angcwa6we ecumbile.

Ku6e sekutshi ke inyanga imhlide yehlukanise tijumbu.

14. Kunesimwe sihatshi kanti ingane i6isaphila. Ayihiphe ceje ihale. 6ayiphutshume 6ayihiphe lujenda. 6ayincume iya6a 6ayigeze inikwe uninahulu, ayiphuzise amasi. Ma engakagugi, ayinqelise kuyena ehlise. Inqele li6ele leninahulu iphuze amasi iphile ingane.

56.

Futshi ma enele atele ceje afe, Ingane iyondliwa wuninahulu. Ayiphuzise amasi ihule nje. Ma emusha ayinqelise kuyena.

57.

Ingane inele italwe, nje, kulindwe kute kuphume kohe nokuphumayo. Ahlehle unina. Ingane ikhale kasi. 6a6e se6ephangelana kuyoe nomweni 6eya kofaka umunwe wesihombisa, 6eya kokopolota ludende enomweni, 6ayincume ke, se6elukhiphile lujenda.

15. Uma 6engaluhiphanga luye lwede koku6a sifu6a sengane sihlale sihohota. Sinsongota. Njalo ma ikhwelwe ukhuhlane uyihlale esifu6eni. Tinyanga tibule titshi, ingane ayihiphwang a lujende mhla italwayo.

Ino yesi6ili, ke, ma seyincumiwe iya6a, yahiphwa lujenda iyagezwa ngemadi na6anjayo. Yihona itokwetshuka ihale.

Uma se yigetiwe, ke, kwefwanele incakwe. Kwejelwe koku6a ite ingetshuki ma tingane tiyi ncaka. Ngo6a ingane nenganqakwanga italwa, iye yetshuke ma incakwa seyiyinjala. Nemwe kutshi ma iphathwa yitingane, tingati kokutshi ayincakwanga, titshi tiyayidlalisa tiyincake, ceje, ingane ti6one itshi gongo, sina! Tite tiyitshele ngemadi ite ivuke. Kanti yethu kile.

16. Kukhweza umtanyana, ke, kuya ngetihlo6o te6anu. Na6amwe 6amumbela endlini. Na6amwe 6amumbela enyango na6amwe 6a mumbele ngakesi6ayeni. Na6amwe 6amumbele elixhaphotini ngakefuleni. Loko, ke, kuya ngemasiko eti6ongo ngeti6ongo te6anu.

Emuva kwalose6edi, ke, kufwa nele koku6a ingane ma seyi 6onakele kokutshi iyahala, i6e se i6onakala kokutshi iyanya, iyachema.

Iphutiswa umsinsi inye livangati. Ma ingachami, ithunciselwe ngesihumba seli gogo (inyamatane) ceje ichame.

Kutshi kungawa iya6e, ke, usuke, ke,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

use6edi wekwelapha Ino yekucala yiku6a ku6e hona lu bojo lwengane nolwediwa ngehlanga. Uncumwe kahle elilungwini, u6e ne mbo6o ngemuva nangembili. U6e se
17. uhlokotwa ngelutshi ekhathi uphephethwe. U6e se ushiswa ke ngalaha utongena hona endunu yengane. Ugqo6we ngemafutsha.

Sekuwuse6edi, ke. Tohe tisuku ingane iyabojwa. Nake6usuku ma ihala, ibojwe. Nakemwini ma itetema ibojwa naka6ili nge lilanga, ekuseni nantambama.

Unina wengane, noma eyambile uha lihambi nahlangana nalo elati kokutshi elekuboja, afike aligxo6e alifake esitsheni nesiphatha lihambi lekuboja ingane. Ma seligugile alihiphe afake nelimwe.

Ibojwa noma ingaguli ingane. Kute kuphele umwaka wohe nje ibojwa. Kutshi ke ma se idutshulwa ukhuhlane, uyise aye kumunu nowati mahambi ayoqela lihambi ngeyuku. Ibojwe ingane, isinde.

Ma ku6onakala kokutshi mahambi aweveli,
18. kuye kutshiwe unina angayiboji ingane, abojelwe yinomumwe umunu ngo6a kunesimwe sihatshi yena unina wengane unesitshudi nesi6i nengama ngaso ingane. Ma eneliphupho nelimumeleyo, unele aphuphe oeje kuse ingane seyigula. Ku6e sekufwanela koku6a yena angatibojeli, abojelwe yinomumwe umunu.

Futshi ma ingane idu6ulekile, kuye kushintshwe tikhundla. Kutshi nje ma sekuhwelele, unina ayi6eletshe aye nayo kunomumwe umuti amahambi iwafakele hona. Itshi ma seyingqono i6uyele ehaya.

55.

Njengo6a ma ufati e6eletsha ingane iye iphumele kasi, yena uyahlehla, ma sekuphume kohe. Uma kuhona uninatala nenina notala ufati, ku6a yi6ona
19. na6ahlelayo kokutshi ingane itoncumwa yimuphi ekhathi kwa6o 6o6o6ili. Ngo6a 6o6o6ili 6afwanele yikuyincuma ingane iya6a.

Ma 6engeho 6o6o6ili, kuhona nomumwe ufati nofwaneleyo ngenxa ye6uhlo6o 6weligati noma yingokwejwa-yelana, uye ayincume njenzekuvana kwa6o. Ma futshi kungeho munu, unina wengane uyatincumela.

Ngo6a kuyilite nje kuncuma iya6a yengane. Umunu ma engakwati kahle, uye alinganise elijolweni lengane. Atshatshe lucunga, eluhosha endlini, nolwefuleleyo, noma yina6eluhile eto6anekela ngalo ingane. Aluja6ule ehatshi lu6e yilubezu noluluhali. A6e sesika ngalo. Kutshi kunga sikeka, unina wengane aphephethe ngemoya wahe, ephephetha iya6a yengane

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

20. aphephethe ne mzanyana. A6ophe lifinjo. A6e se tshatshwa ke umzanyana eya kombelwa. Lucunga lu6ekwe eti6ini. Ngo6a neti6i ati chithwa. Tishanelwa ti6ekwe. Tote tichithwe mhla kwahule ingane. Unina atishanele atilahle ngakefuleni atimbele neya6a newe enganeni eseindile endlini, waphuma. Ngo6a umzanyana yena usuke embelwe ngeli langa noku6elethwa ngalo.

Mawele Tingane Netiningi, Tilwane.

60.

Kutala mawele akutange kuthokotise munu. Umunu usale sethula nje ma esuke esemconjile, ngo6a engasenakweja lutsho.

Kutala mawele kuya ngetihlo6o te6anu. Uma
21. ekhwenu, noma emtini la wenjele hona etalwa, nawe uyowatala. Kanti futshi uwena nowamemayo kokutshi watale.

Akufwanele kutshi ma ufiqa umunu etele amawele ufike umhleke, noma usho uphumesele utshi "We! Wate wahlupheka lomunu! Utokwejenjani Mame! Mina angiwafuni neze amawele!" Ungalokotshi, nje, uyisho ino nenjengaleyo! Utowatala wena ngoso.

Sifumbu ungasihleki, utositala wena ngoso. Sishaywa(inkawu) ungasihleki, utositala wena ngoso. Sishosha ungasihleki, utositale wena ngoso. Lichije unga lihleki utilitshola kwaho ngoso. Noma yimiphi umunu nonesici ungamhleki utomtala umgone wena ngoso. Ma singatalwanga u wena sici nosihlekileyo, sitotalwa unanaho.

Ma u6ona tino netiyitici ku6anu, ungake
22. uhleke. Thula du, ma utshanja kuhuluma ngato, 6onga. Um6ongele lowo nowemu kelisiwe. U6onge umdali nodala a6anu netino tohe. Ungalokotshi u6onakalise umoya wekuchwephesha. Ma wejenjalo uyatilimata.

Kuhone a6anu na6atala tilwane, ngingasasho tilima netigxaza amatshe. Ngisho tilwane.

Nomumwe umunu utala ingane nefuphi. Itshi noma isinjala i6e fuphi ihawule emajolweni ku6anu. Lihanja li6e lihulu, li6e nencegela. I6e nesiphongo nesihulu. I6e netingalo netinkulu kanye netitsho. Inyathele nge6anwanwa.

Uma ke umunu 'eyihleka ino nenjalo, naye uyotala yona. Njengaxakekile Mbatha nowayenjele kuMtshiloli Qele. Wahleka Nomusa Mkhungo etele ingane
23. neyisishaywa. Eyiphethe eyinqelisa. Wamhleka wamhleka Wamhleka! Etshi, "Au! yimuku yani le noyiteleyo mame! Nalemuku i6uye i6e hlophe! Au! Mina ngiwuwena ngingatijoja nanomunu. Awuwu6ulali yini uhlola lo uwulahle! Au Suka! Ute udlale ngeli6elo laho

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kona eluhlo6weni nolutshile.

Tilima netanjavo, etokuhlekwa. Ma umunu e6ona silima sekutalwa noma esekulimala, a6e sehlekisa ngaso ngo6a sona silimele, yena emuhle, usuke etimemela lishwa. Kunesimwe sihatshi kulimala umunu ekhwa6o, kwedele koku6a atshole kuhleka eduze yean ekwati kuhleka tilima. Ma kutshanja, ke kumlinje ate agane asitale silima.

Ngako, ke umunu ahlekwa. Li tshi livi lana-
33. 6ajala, "Litshatsha nokemsamo limu6eke envango Litshatshe nokenyango limu6eke emsamo. (2) Ungasho kokutshi upheka endlunkulu, uphethele; Ngomuso uto6ulawa (3) Sifumbu sa6ona qhaqhazela. (Loko kusho kokutshi wena awunasiqi. Uhleka sifumbu. Kojwa umunu nowajala sifumbu angakulimata nawe u6e nelijumbi. 6akuhleke na6amwe). (4) U6ona mina nje ngi6ona wena. (Ngesihatshi uhleka silima, wena utshi uhlekisa ngaso nje usita a6anu ukoze 6aku6one kahle, 6aya-kujela. Uma se6e6ojwa 6ahleka wena. 6ekuhleka 6ulima 6aho uku6a utishaye sihlakaniphi neseklula umwedi we6anu. Kanti umwedi engaphinja akuphenjule nawe akwede inkamba 6eyi6uta. (5) Lilumbo liya kaje (Kunesimwe sihatshi noma umhlekile umunu, noma futshi etalwa kini mawele, uye ungehl elwe yilutsho wena. Kutshi tingane taho tehlelwe yisona saho, tijeze ngaso)

63.

34. Mawele, noma yitingane netitalwa ti6e tinathu, noma yitilima, ati6ulawa Tiyayekwa nje tihule.

Anim6oni yini Mpande waSenutimba wamchacha? Ani6oni yini Shaka engatange am6ulale nje. Ani6oni yini esimwini ma ichumile i6a netiwumba (Siyumba yimbila nohula ceje kutshi esihundleni soku6a uncashele sihwe6u, ungasin-casheli uphume sihwe6u nesimumethe ino nemnyama, nenjengem-sidi. Imuphu, nje, nemnyama) Kutshiwe iqhumile ke leyo simu ma inesiyumba.

Naku6anu ke, ma 6echumile 6a6a netilima tahona. Silima sitala na6ahle a6anu la6a. Ungeke uyeke kugana silima ma sikweshela. Ungasigana nje. Uyotala na6ahle a6anu la6a
35. na6evileyo. Umenjo awu6anekwa. Ungeke usho kokutshi ma ugana umunu nomuhle nongenasiqi, uyo6e ugane kahle. Kunesimwe sikhathi utokuhlupha ma engakuhluphanga, uhlushwe yikungat-ali. Ma utalile, kunesimwe sikhathi tingane takho tingevi.

Kanti nesilima, nje, sigane makufwanele. Uyohlala kahle. Awulwati lubambo lwaho. Lwatiwa yimadloti aho ojwa.

64.

A6ana na6anesini kahulu yi6anu 6esifatana. Yi6ona futshi na6ambi. 6ayabinqa. Ma umunu we sifatana

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

SER. 473. K13/27 12

eseconje kukweda silima nekuhlekisa ngawe, angakukhipha inyumbatana, ekhathi kwe6anu

Ma kutalwa sici ehaya, ke, kuye kubekiswe kunina yena notalayo. Ku6onakale kokuthi sono sikuyena. Ma kubekwa emuva empilweni yehe kuye ku 6onakale kokutshi kuh-
36. ona laha ahlekisa hona ngemunu nonesiqi. Ku6e sekusolwa yena ke kuthiwe uyavuna.

Nomumwe athi elungile, engatange ahleke munu kuyiloku atalwa, athi uyatala, atale ino nexaka kweda. Kanti ke kuloko, akusiso sono sahe naye. Si6usiso. Usi-6usiswa yina6akasi.

Uyati nawe kwekutshi ino nehlala ihlekwa, ayihawukelwa munu. Nethakathi anga6e wona uthi wahe e6u-lala silima.

Ma u6utiphethe kahle, kepha utale silima, usuke u6usisiwe. Noma unanaho elimala nje enijala elimala emjala, nje, evelelwa yisiqi, yitinja6a te6athakathi noma yingoti yini, usuke u6usisiwe. Ngo6a akuho thakathi notoko-na uthi wahe a6ulale sifumbu. Uto sedani sifumbu, loku
37. sifumbu sesatifela nje? Uthakathi ufuna ku6ulala a6anu na6ahle na6ayiti ngqa6avu..

Ma uwumtali we6anu, lidloti laho likubekile, uyaqhanyukelwa yisiqi endlini yaho. Mhlaumbe unanaho alimale ngendlela nethile a6e yisifumbu. Lowo nwanwa kunesimwe sikhathi ote aphuziswe lu6isi. Atale netiningi tisiva leti netinombi.

Kunesimwe sikhathi endele eyosini. A6e yiy-osikati. Akhombe nganokekhathi umunwe. Kuthi la6a na6a6emhleka 6ahlupheke 6ona emitini ya6o.

Njengo6a ligama lisho lithi, "Intlupheko kuqala, Uku6usa ngemuva. Nocala ngekuhlekwa uyena nogqina ngeku6usa. Nocala ngekuhleka uyena no gqina ngekuhlup-heka naye ahlekise 6anu ngekuhlupheka kwahe. Avune loko nakuhlwanyelayi.

38. 65.

Kuca6angelwa kokuthi lokutala nokunje, umunu uyaku gwegwa. Ukumema ngo6a asuke ahleke umunu nonako.

66.

Ufati ute aphume eti6ini asinje kande ahlangane ne6anu. Ma esesindile ke, 6ayangena a6alisa. nengane i6elethwe, icale i6elethiswe inombatanyana, nje, kwedelwe ma kuphole iya6a. Kuye ngekuya nje, ingane ite inqwale tandla, unina a6e e6aphekela nje 6anu 6esilisa ehaya.

Kutshi ma kuke kwedeka koku6a ayambe umdleza-ne aye kunomumwe u muti, a6e sethi ma esephuma athathe unotha wahona awugqo6e esiphongweni sahe, awuthi shwe!

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

SER. 473.

Edele koku 6a ingane ingakhazeki yethuke ukuthi u6ekade eye ngaphi. Noma engene elawini useyaphuma usegqo6a unotha wahona njalo.

39. Uma eye esimwini usefike eklazisela tinanga ngeli6ele yihona tingeke tethuke tithi kade tiyambwa umdlezane.

67.

Noma em6ona umyeni wahe, emphekela a6anamathelani. Manje, usemuhle ufati ewumdlezane! Ekade efuthwe ngekudla lohe lisonta! Usethanjeka!

Injoda yahe, im6uka imwayitele ku6e sengathi ingalala naye. Yona itolipho sa ligama, njengesiva yeshela. Ithi yeyi, Masi6ani6ani, wota ngitoca6ula, wamu hle kanga6a wediwa yini kojwa!

A6e sephendula naye eqha6a ethi "suka! Musa kudlala ngami!" Amdlalise ma kungekho munu ate amhwaphulute! Athethe umdlezane athi, "Yiyi! Ngitokushaya! Musa kudlala ngami.

Uyati ke nawe kokuthi ma ihlitiyo yaho imnandi inethemba nelihle, uye u6onakale nake6u sweni. Naye ke mdlezane uyachacha! Ediwa yikweja6ulela ingane yahe!

40. Umyeni ate a6e nesikhwele nje 6o e6ona engasalitholi leliyalungelo na6ekade enalo esakhulelwe ufati wahe. Kuthi noma e6esathi utomsilela gwayi, kuhale ingane. Alahle kasi athathe ingane.

Kojwa, ke, nempela, injoda yihle. Umunu uyayithanda injoda yahe ngehlitiyo yohe yahe! Ute adele uyise nenina aye kogana injoda. Ayithande kahulu! Nayo imthande kahulu. Ku6e sekuthi ekhathi kwa6o, kuchamuke <u>ingane</u> . Ligugu lemagugu nama6ili. Umunu nongatange a6e nayo ingane, ati lutho!

Luthando umunu utalwa nalo, ngo6a utalwa ngalo, udalwa ngalo. Angati kokuthi ngingalufwanisa nani luthando.

Luthando luyino nengafwani nanj kojwa luhona ku6anu. Lweda umunu edele nomunwe tino.

41. Umunu angalala ekhathi kwanama6ili,
Avuke ngeluvivi lwekusa.
Luthando Luyedlulana.
Lulojwa luthando lwe6ungane;
Nothanda ngalo uyihlo nenyoko;
Lulojwa luthando lwekutalana;
Nothanda ngalo tingane tekhwenu netihlo6o.
Lulojwa luthando nolukufiqa emwini;
Lukwede uthande ingane yemunu.
Uyithande ungesihlo6o nayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 14

SER.473.
Uyithande yaliwa uyihlo nonyoko.
Uyithande ku6e kuncane live,
Weswele kokuthi utokwedenjani.
Uma kuqhamuka umunu ekukhuta,
Umzonde, kuthi yilwa naye.
Loluthando lu6eketela sikhathi nesihulu,
Kute kuphelele lilo6olo.
Loluthando yilona nolwaha imiti,
Yilona nolungena indoda nofati.
Loluthando yilona noludala ingane
Luyede ithandeke naku6anu.
Lwede unina ayondle unyaka wohe,
Uyise azule eyifunela mahambi
42. Luthando lwempela alunakwahlukaniswa.
Yikufa kojwa nokuthatha nomumwe ku
Shiye Nomumwe.

Ningamangali Nina ma nginele ngiphathe inda6a yengane qede ngi6e sengiphatha inda6a yeluthando. Ayehlukaniswa lenja6a ngo6a iyayambisana.

Uyamba, nje, awati kokuthi wokwenjela ku6ani. Uyamba nje, uyomangala nje sewu6ona amehlwana nama6ili etelwe uwena nenjoda yaho.

Umunu esenengane, uke alale noninatala endlini, 6ebekisana lusana lute luhlakaniphe. Ufati eti6ula, uthanda kugadwa. Kuhona ingoti yekungcinya ingane emakhaleni ngeli6ele. Ngo6a li6ele (ma6ele) ligwansile. Ingane inqela inqele, ate ajunywe yi6uthongo unina, aliyeke li6ele. Manje ke, seyesuthi
43. ingane. Awaseho amandla eku6a igudluke ingane eli6eleni. Nenina ulele uliyekile manje. Kuhona ingoti yeku6a ingane invalwe yili6ele amahala ife.

Ngakoke umshakazi ulala neninatala amgade amfundise kokuthi kwediwa njani.

Noma ikhala e6usuku, kufwanele 6avuke 6o6o6ili 6ayiboje, 6ayiphuzise.

Nakemwini 6ayigeze 6ayigqo6e 6ayicho6e netinwala, ite igcwale tandla.

Umshakazi noma eye kothota ayishiye kuninatala, asale eyiphu zisa amasi, agijime asheshe a6uyeatonqelisa ingane.

Ngako ke niya6ona kokuthi unyeni yena sinqane sikhathi seku6a a6one ligugu leli lahe, ngo6a nalo liyatatazela, londle ligugu la6o (ingane).

44. Futhi akufuneki koku6a 6alale ndawonye, ngo6a kutosuke kuvuke inyema, kuthi a6athandane, kanti ingane ayifuni kunuku6etwa.

Futhi yimahloni ku6ana ma ufati enengane aloku

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 15

SER.473.
ecumbazwa yinjoda yahe.

Yena ufati kufwanele koku6a afwane njengo6a ayenjalo ngesihathi esamweshela.

Ufwana, ke, yena ayati yohe lemithetho. Yena wati kokuthi ufati wahe uyamthanda! Futhi usemtalele ingane. Muhle lofati sengati angamgona amca6ule amtshele kokuthi umthanda ka6i futhi usemsizile wamtalela umunu.

Ithi ingane ma seyigqwele tandla, ke, mahoti ayambe aye kolala nayo kwakhe. Kojwa phela utalela ekhwa6o. Asinde ceje aye elawini. Ayambe neninatala. Ufwana yena a6uyele ekhwa6o.

45. Kute kutshi, ke, ma uninatala ese6one kahle kokutshi ufati wakwa khe usekwati kahle kulala nengane, futhi nengane eseyi6one kokuthi ikhula kahle, seyigqwele tandla, athuthe a6uyele kwakhe. Ufwana a6uyele elawini.

Tilili ti6ili. Nofati utolala esililini sahe, nefwana alale kwesahe. Noma 6ehlukene, tihlidiyo tiyatshanjana.

Ufwana a6uye esuku, ato6uka ingane yahe! 6ayi6uke, 6eti6uka kuyona. Mhlawumbe tindle6e tifwana netenina, tinyawo tifwana neteyise. Mhlaumbe ingane ifwana neyise. 6ayi6uke! 6ahulume ngayo. Ayilalise. 6alale! 6eqa6anga ngayo. Kunesimwe sihatshi 6ate 6aphuphe ngayo.

Aphaphame ufwana esuku. Atshi, "Mamwelase," Atshi Mamwelase "Hhi!" Atshi, "Ingane ilele?" Atshi "Ehe". Atshi, "Ake weqe ute la!"
46. Atshi "Hha!" Angifuni! Ngitokwedani?" Atshi, "Ayi, 6o, ake ute la." Atshi, "Ayi angifuni nelite. Wonakele wena. Ungi6itelani? Awati kokutshi ngilala nengane?" Atshi, "Ayi 6o, wota la wena. Mina kanti sewangilahla yini?" Atshi, "Sha! Ngitoyitshela mana lemihu6a yaho. Mina angifuni ungonise. Awati kokutshi ingane iyevakala ye6anu na6ayimanuku? Ufuna ngithukwe yi6afati 6atshi injoda ngiyitshanja ka6i ngiyitshanja noma ngitele nengane seya6a umlwelwe nje!" Atshi, "Au wawuva nga6ani loku, uyingane nje?" Atshi "A6e! Ngiyati".

6alale. Kuse 6avuke, 6ayambe 6ede imise6edi ya6o yelusuku. 6a6e 6eqa6anga ngenja6a ya6o na6e6eyihuluma esuku. 6aphakelane kudla lishone futshi. 6a6uyele endlini ya6o yekulala. 6ayi6uke ingane ya6o. 6ayi6uke i6amba li6ele ilinkofute ceje, i6uke

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

47. nina imwefunjele eli6eleni. Kuye ngetisuku. Cathi 6e6ona si6e sihuphuka sandlana, senyuka ngeli6ele. 6aya6ona sesifika enomweni wenina. Iyamunya ifaka sandla enomweni wenina. Imu6uke emehlweni.

Nganolumwe lusuku 6ayi6one seyihuluma. Nganolumwe lusuku 6ayi6one seyicala kuhleka.

Inkulumo leya neyake yahulumwa, ayiyekiwe. Ihlala ihlele isuke imi. Kute ku6e yinyanga yesithathu. Ingane ite ithelekwe. Nemwe ite ihlale. Ihlala njalo nina amwati yise. Nengane ayi mwati yise.

I6uye isuke futshi inkulumo nganolumwe lusuku. 6alwe ku6e nje. Ate atshi ufwana nokwngqono ngitokulanjela uye kotshota, ngifike ngiku6ambe. Caxa6ane ku6e nje, engavumi umshakazi. 6avuke. Kuhlwe.

48. Calale. Isuke imi. Am6ite. Ale. Avuke ufwana afike angene engu6weni embathe. Ede loko nakwedayo, kojwa amphathe kahle. Avuke, Eqe ingane. Athathe sagile sahe noma yinduku yahe ayi 6eke eluhahayini lwengane. A6e seyisusa eyiphanyeka la ihlala hona. A6uye alale.

A6e sevuka nina wengane. ageze sifu6a netingalo nema6ele nesisu, neno yahe, nematshanga, nemajolo netitsho netinyawo. Esule atshi du. A6uye alale. Luvalo lutshi baku, baku, baku!

Ingane ilele i6olile. Ayiyati lemikhu6a. Kanti ke, useyecile yise. Uyayicinisa. Wedela koku6a ihule kahle seyicinile. Utshetho lowo. Ingane iyeciwa. Nengeciwanga iyephuza kuyamba. Noma

49. seyiwncejile umwaka ingeciwanga, ngeke isheshe ihlakaniphe ingeciwanga. Ingane iya dinga kweciwa uyise. Kwngesiko kokutshi uto6e esehlala elala nenina tohe tisuku. Kojwa edele tihalo. Tikhalo tehlidiyo tiyayikhaza impilo yengane.

Uma ihlidiyo ihleti inelunondo, ingane akuyiphathi kahle nog6a inqela li6ele lenina.

Uma umunu ethukuthele akufwanele ayinqelise ingane. Kufwanele axole kucala. A6e seliphungula li6ele, ku6e yihona ayixhuma ingane.

Kufwanele ma nihuluma neyise wengane, naye e6eka sikhalo sabe, kuyiloku akugqina ungakatali, nempela ecinisile unanomunu, ethanda uku6a ake aku6onge eduze, e6onga uku6a umsitile, wamwedela ligama e6andla, naye eto6a uyise wemunu eve nekucamba umunu ligama.

50. Lesihalo siyevakala egazini lemunu. Sifwanele siphenjulwe yi6anu na6a 6ili na6atanayo. 6enengane nevileyo. 6eyi6ona iphilile. Iceje

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27



SER.473

tinyanga netinathu. Ma se6eyecile ke, iya hlakanipha, ngo6a ne6o 6oyise nenina 6ayahlakanipha.

Kunjengenombatana, nje, ma isuke ingakacomi, isuke indwe 6ile. Ayikatati similo sayo. Ayati noma iyotiphatha kanjani ma seyicomile.

Ayati noma yokwehlulwa yikulala nenjoda mhla yacoma, ngo6a iyocoma nganelimwe lilanga. Ku6e yimahloni, ke, naku6anu inombi ihlale ite i6e njala ingacomi. Ithi isuka i6e icome. Iyasuka lapho yeda amanyala yehlulwa yikulala. Ithatha unanomunu, imfaka eqaleni. Ivulela tomo teyise. I6anga liqala! Injatona tinja6a tekwehluleka yikulala.

51. Kuyefwana ke nakumshakazi ma e6elethe. Usengozini neyulu. Ngo6a uyamba, nje, akatati noma utotiphatha kanjani.

Akuyi ngekucina kwemehlo nenomo lo, inja6a ikekutiphatsheni kwemunu enemunu wahe.

Akuyi ngekuthi uya6aleka angaku6oni. Ngo6a nganelimwe lilanga uyote aku6one. Ngeke umunu umtshanja um6alekele tohe tisuku. Udinga ufunje tohe tindlela. Ufunje nendlela yekum6alekela. Ufunje nendlela yekumvika ngekumti6a. Ufunje nendlela yeku6a ulale naye nivumelene kahle. Ufunje nendlela yeku6a ma eku6amba ngeyani ekuphoqa, umvike, ungemithi.

A6anu a6afwani kasi kwelilanga laha.

52. Kuhona a6anu na6ati liqhilo neliqala. Kuhona a6anu 6e6afwane na6asitshanja ka6i sifatana! Tilwane! Timbwa! Umunu nonele am6one nje umunu wahe, atshanje kumudla ekhathi. Amgwabute sengathi utokwemuka.

Uma wehlelwe uhlola, ke, wawela esandleni senjoda nenjalo, juluka, nombi yemunu. Utose6eda uvikela ligama lemuti wakwaho (ingane, nawe).

Ufati unemañdla ekuwaha umuti wahe, ede injoda yahe i6e umnumzane, ihlonipheke naku6anu.

Yiyona leyo nja6a neyeda amajoda aganwe. Injoda nenga ganwa, ayihlakaniphi, ngo6a ayibi nasitshudi.

Uwena ke noyisitshudi somnumzane waho. Ngako, ke, kuhle umweluleke kahle. Ungamtshethi si futhi ungamvimeti.

53. Wena waphuma ekhwenu uyaliwe yi6afati. 6akuyala ngato tohe tino. Uyati kahle kokuthi wenjile la. Musa ke ukutihle6a, uhle6e yihlo Kutshiwe inombi yaSi6ani6ani yehlulekile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

SER.473

Ma uwumshakazi utekiwe watala, usumjala. Usumfunjile nenyeni waho. Wati kahle ohe amasu okumngena.

Yati kokuthi u6elethe, nje, Umuhle uya6a6a. Ma wala utoku6amba akuphoqe. Ma ekuphoqile, funja tindlela teku mvika. Ngo6a nganolumwe lusuku ma e6ona kokuthi uyala Utokuphekezela uye kotshota. Afike ehlathini aku6ambe.

Awubekeke, ungasenakuhala, u6ambwa unyeni waho. Ma kunjalo, mutshele, nje, umthambele, uthi kuye, sha, Gambushe, angali, 6engi6ona ingane isenqane.

54. Utosho naye atshi, ayi ngitokweda kahle nje nami, ngeke ngilimate.

Musa, ke, kumetshwalela amehlo. Musa futshi kushaywa yiluvalo. Cunga si6indi. Uthambe. Ulale ngeluhlangothi. U6ophe uthi ngqi. Umkhombe emathangeni.

Noma usuvukile, ungamethwaleli amehlo. Thula, nje, ugeze kahle utimba waho, ubince. nigojuke umuphe kudla kahle nje, ungamcasukeli. Kuhlwe. Niye kolala.

Ni6uke ingane niceje. Niyi dlalise. Ilale uyilalise. U6uye uze kuye manje.

Injoda, umunu uhuluma nayo esuku.. Amehlo esemane. Futhi seku ngasa6anekiwe nangelubaqa.

Uyingenele, nje, ngelisu nelihle.
55. nangemoya nomuhle kahulu. Uthi kuye, "Ngane yekhwethu, uyati ngiyakuthanda, ngikuthanda kahulu. Yiyo leno neyeda koku6a ngite laha ngitokugana. Ngiyeja6ula futshi ngo6a ngagana wena ngikutshanja kangaka.

Ngoku, ke, si6usisiwe ngo6a sesiyi6anu. Sesitele Nomabikili. Nami sengotshi noma ngihuluma ngawe, ngihulume ngayise waNomabikili. Uyam6ona Nomabikili, lo,'emuhle?" AvumeU6e sewuthi, Au! impela sesiyi6anu. Nami sengiwufati laha ehaya.

Uya6ona, ke, Mfowethu, ingane yethu ihula kahle. iyasinda. Ayi nasici. Yithina, ke, nesingayi6angela koku6a i6e lula, yephute nekuyanba, nekuhlala, i6e yisinyefu.

Cathi a6afati mhla 6engiyala, 6athi, umunu ma etele alali ne njoda njalo. Ume kwehlakala injoda imkhumbule kahulu, ingacela, nje, 6alale, kepha uyavuka kuyo uya geza aqede engakayigoni ingane, ka nti kade egone injoda.

56. Kufwanele siyondle, ke, ingane yethu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

SER.473 K13/27 19

mnganami. Ukute ingangenwa ukhuhlane. Isheshe ihlale. Isheshe ime. Isheshe iyambe. Sithole nemwe.

Uthini ke wena mnganami?" Au! Utofiqa kokuthi umunu wesilisa uva kahle. Ma umtshela kahle uva kahle kahulu. Ngisho noyisidlwangudlwangu uva kahle ma umtshela kahle. Yiko loku nokweda a6anu 6a6eke liqala kumunu wesifatana ma ecindetele ingane noma emithele ingane inqane.

Luvalo futhi lu6i ka6i. Umunu ma eshadile e6elethe, aku6anekwa kokuthi wedani nendoda yahe esuku. Kukhuluma ingane.

Na6amwe 6ayeca ingane inqane. Na6amwe 6ayeca iceje tinyanga netinathu. Ma se6eyecile a6a6uye 6ete ku6anu 6ato6atshela kokuthi Namhlanje kaje seca ingane.

Yi6unuku, ke, ino neyeda ingane inga6ukeki

57. kahle. Niyati ke, kokutshi yohe leno nengiyihuluma laha, ngihuluma ino neyayediwa endulo. Angihulumi intlonipho yenu ninantsha esenati inqwadi. thina inqwadi yethu yikuvateluleko ngo6a iNyathi i6utwa kwa6akembili.

6unuku yilo6u. Indoda ma ulele nayo, neda 6unuku 6ojwa. Uthetho we6anu, ke, indlu yimwe la kulala injoda nefati. Yehlukaniswe yitilili. Injoda inemahuho ayo, nefwati unemahuho ahe. Nenjoda inetingu6o tayo, nefati unetingu6o tahe. Injoda yendlula i6eke tino tayo tekulala ngendlela netshanja ku6eka ngayo esililini sayo. Netinjuku tayo nemabeshu ayo. Nayo yohe ino yayo. Netigiciki tayo tihlala esililini semajoda. Nemunu weli6andla ma engena uhlala esilini semajoda. Esigcikini.

58. Nefati unesilili sahe. Tingu6o tahe tekulala netekugcoka netinotohe tahe uti6eka esililini sahe ngendlela natshanja ku6eka ngayo.

Titsha nemabojwe kuhlala emseleni emsamo.

Umunu wesifatana ma engena uhlala esililini se6afati. Anikwe sicamba. Netingane tihlala esililini se6afati.

Ma kulalwa, ke, ngemvelo, a6anu 6ayimanono. Injoda ilala yojwa. Ufati ulala yejwa. Netingane tati loko. Kokutshi 6a6a ulala lahaya, mana alale lahayana. Kanti esuku, ma sekulele tohe tingane 6aya6itana, nje, na6o. Kojwa ma se6ekususile loko no6eku6ahluphile, ku6e yilowo a6uyele esililini sahe. Ku6e yihona elala 6uthongo, ke, esesililini sahenoma kungena umunu enyango afiqe kungeho 5unuku 6okufiqa injoda

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

cenile ngi6ona uyaluta ngithi uyafa.

69.

Ingane uyayi6uka eja6ule. Ithi ma seyegqwele tandla, naye atshi ake 6amnike ayiphathe. Mempela ake ayiphathe naye. Aydilalise, ekokomele. Nena e6ona kokuthi
65. 6ayaxhelana nengane, ake amwesulele ngayo aye kotshota, noma aye efuleni. Ma kuyinjoda nenomusa, iyidlalise ingane. Makuyinjoda nengenamusa iyinike umzanyana wayo.

70.

Injoda ihlala yethemba. Noma ingaphumeseli iyati ehlidiyweni kokuthi ufati uyiphathele ingane yayo. Noma iye 16e sengathi ayinake lutho nje, inakile.

71.

Imithetho 1.

Ma ufati e6elethe, tihlo6o teli6andla tima enyango ti6onge tithi siya6onga NanaGumede, use6edile kwehluka na tidumbu, na6o ke 6atibekele imihuhlane.

Ufati no6elethe athule angaphenjuli Atigu6utele ngengu6o yahe yekulala. Kuphenjule ninatale athi, "Use6edile unanaGumede. Usengitalele injoda, na-mi
66. sengitogana. 6ahleke. 6ehlukane , ke.. Tihlo6o tesifatana tona tingene ehathi ti6onge tingenile. Ti6one nengane.

(2)

Ma kufika umunu, noma owesilisa noma owesifatana ephethe inyamatane nembi, ufike ate6ule. A6ite lilahle athungisele ingane, ukute ingakhazeki.

Ma kuwnfati, enengane nese yadla tinyamatane netiyulu, uye ahiphe li6ele lahe, ashaye leyo ngane ngalo eluhahayini. Eqela yihona ingeke yethuke.

(3)

Umunu etele u6a nelibojwe lahe yejwa, nesitsha sahe sekudlela, neli6we lahe lekusila kudla kwahe nemadi ahe. Ahlangani ngalutho ne6anu na6amwe. Udla yejwa. Aphekelwe. Kote kuwe iya6a yengane, asinje aphume ke ahlangane ne6anu.

(4)

Ingane inele italwe nje, incumwe iya6a, igezwe.
67. Yembathiswe. I6aselwe unilo ngetuni teligoco lenina. I6e se yithuhilelwa amasi iphutiswe. Inganqe li kunina. Ma kuyinombatana, kote kuhlambuluke li6ele inqele ngelilanga lesihlanu. Ufwana ote anqele langa lesihombisa. Ku6e sekucalwa ligula layo ke, ingane.

Ma kungasengwa ehaya, iqelelwe kunomumwe.umuti intusi. Ithiwe eliguleni lengane.

Ma ingenakutholakala njawo, unina uyisilele incumbe iphuze yona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(5)

Ma ufati e6elethe, tihundla tiphaqulwa ngehla6a. Ma sekuqundeke amehlo, uhla6a aphume nawo awnsakate e6wanini.

Yena, ke, uti6utha ngengu6o yahe ahlale kasi. Angahulumi nema joda ote asinje.

Ufati uyatiphaculela tihundla tahe, ngo6a
68. ma ephaculelwa yinomumwe, uye a6e nesidena kuyena, amwale ka6i. 6aye 6amwolele uhla6a nje kuphela. Aphacule a6eke. Kutshi la sekuswelela, athathe ingu6o yahe yekulala aphume asakate uhla6a wahe.

A6e sefika uninatala esem6ekele amadi ekugeza utimba nashisayo. Ageze ceje embathe ingu6o yekulala a6uye. Atohlala enilweni w ahe nengane. Adle, ephekelwa uninatala. Alale kasi.

Avuke kusemnyama ngoso aye kolala endleleni. Alale ngesisu abeke adasi. A6uye alale abeke ehla. Avuke a6uyele endlini aye kolala hona.

Luku kwejelwa tiseka. Ukute ti ngamhatshati weda loku, Ku6e sekusa ceje kuyambe a6anu endleleni 6atitshatshe. Yena anga6e esalumwa.

Ma ufati e6elethe, akufwanele athethe. Kuhle,
69. nje, atihlalele enehlidiyo nehle. Angathethi. Njengo6a 6engikade nginitshela ngempatho nehle nekufwanele aphathe ngayo injoda yahe, ngisagcizelela futhi. Ngithi Unimatala, neyise wenyeni, ma6athokote ngehlidiyo nehle yemdlezane.

Netingane kuhle atiphathe kahle. Tihlale titshokotile. Yena uyino neyulu ehaya. Tingane titshanja ekhwakhe, ngo6a kuhona ingane. Kuhle anganqishani. Atiphe kudla tingane.

Umuti awuphathe ngeluxolo. Uto6ona, ke. Ingane itophila. Ingane ayitshanji kunqela sihlungu kunina. Si6anga kufa etimbeni wengane. Ngako, ke lulaka alu funeki. Kuhle6a akufuneki. Kwe6a akufuneki. Ku6anga sihlungu nesi6i enganeni.

Similo sengane, isinqela eli6eleni kunina.
70. 6usela, ne6uthakathi, ne6uxoki, nani, nani, nekesimilweni senina, ingane iya yinqela eli6eleni.

Ngako, ke, uthetho we6anu na6ajala, utshi, ufati nonqelisayo ufva nele ayambise kahle. Angakhalisi. Ukute na6akasi 6ayambise kahle ekondleni ingane, 6ayiphungele emihuhlaneni.

Nempela kunjiliciniso loku. Ngitonitshela inja6ana:-

Nsonono Ngu6o wagana Mchutshwa. Dlomo. 6atala tingane neti6ili. Wathi emithi ingane yesitshatshu,wabunguka Mchutshwa. Wayambe elapha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Wate wayitala ingane. Yahula yate yagijima. Yathumwa efuleni ingane seyiyinjala.

Wahlala ufati, watshi ngitoke ngimjumate. Ngeke ngicome Ngeke ngiphinge. Ngitolima kudla ngondle tingane namametala.

Nempela, wahlala, wahlala, wa6ona, Mefu! injoda yahe.

71. Ifika njalo lenjoda yethwele umgodla wekwelapha vo. Ayati naye kokuthi iyeta. Seyiyisixhofungana, nje, semfunzana.

Aphume Mangu6o! Awn6one lomfunzana uta. Angawati. Aphume a ye kolanja intusi yengane emtini wemahelwane wahe la eyiqela hona intusi yengane.

Utshe ephuma elisangweni, waye 6ona lofuda utongena ehaya. Wa6uya nentusi. Uvafika, ufiqa esetshe 6o6ofiya! Au! Angene Mangu6o. Athi ntla! Mamo! Uwena lo ngane yehwethu? Sau6ona! Avume.

Au! Wafa yindlala umunu. "WeBejana!" "Ma!" "Wota la". Gi, gi, gi,! Angene Bejana. "6amba leso sihukukati sami nesitalelayo usincume. Ngitophekela yihlo nangu etofela ehaya yindlala.

Eja6ule Bejana atshi Elami li hanja. Athi
72. Mphekwa elami linqonjo. Atshi zincane Elami linqojo.

Ayicuthe Bejana ayibo6ose. Atshatshe ti6inji osele yise. Mphekwa ehame matshumbu. Naye awose. 6ena-Zincane. Ayambe Bejana nesitshe6e seti6inji, nemmese. Tinone! Aye kuyise.

Afike atshi, "Sak6ona 6a6a". Avume. A6eke phansi inyama. Atshi yise, "Wota uchawule fwana wami amchawule. A6e semgaxa ehathi kwematshanga. A6ute impilo. A6ute kokutshi 6ahuluphele nje 6adlani? Atshi Au! Sidla yohe ino. Nemasi siwalanja kahulu. Mana apheke nesithalaphishi, nemjokwe ede nesingungungu, ede nemahewu, apheke nedo-6e tabontshisi, neliphalishi. Apheke ne luphuthu ede sititinywa, Apheke nesi gwamba. Netomo, 6oBlomu naMayibovu setiyaxegisa. Titotala sivu6e.

Akumbila ekonyini 6a6a. Mana Ave awatshola Amathanga! Agqwe le likonyi lawo wojwa. Bontshisi ugqwele
73. masaka nama6ili khulu yena wahe ungesimolo. Njalo ma ngiphuma kolusa, hulu angi6ite ngitodla lutiti, kunesimwe sihatshi awnpheke wome siwudle".

WeBejana! Suyawadla thina amathumbu manje!" Kusho uMphekwa!

"Ha6e! Nayi inyama yaho 6a6a!" "Qo6a phela Ndodane sidle". Aqo6e, engasenasihundla, e6ona kokutshi aphela amathumbu kuMphekwa. YIse amuphe licatha lengingila nelisi6inji. Ayambe. 6awadle amathumbu, 6awadle, 6awadle,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6awaceje. 6alumisane licatsha lesi6inji nelengingila.

Zinqane athi, "Au! Bejana, usute uya kohlala kumunu site sitshi asikunqishe nematshumbu nje unqenga leliqatsha lesi6inji se ngatshi mana ave atosipha inyama? Au! Suka! Usitshanja ka6i si6innji nawe!" Athi Bejana,
74. "Hha6e! U6a6a lo, ave kuwumunu!" Atshi Zinqane, We! U6a6a waho wejwa lowo. Mina anginaye 6a6a. Wena Bejana uto6elethwa umunu a yambo nawo".

Iyutshwe inyama. Aphake Mangu6o. Am6ekele licolo, nenede, neliphko. E6eka esitshe6eni. Umkhwepha awa 6ele tingane. nesifu6a necala. Yena adle unede. Ashiye liphiko ebodweni.

Aphake Masohwapha. Aphake le unyeni wahe. Athele nemhlu di esitsheni a6eke esitshe6eni semizi. A6eke luhezo. Adle. Aphakele netingane naye ati phakele. 6adle 6asuthe.

Athi Bejana, se6esuthi, "We6a6a, Mana muhle ngo6a usi hla6ela inyama njalo, sidle sesuthe". Athule nje Zinqane.

Kulalwe, kuse, kulalwe kuse njalo nje. Angate am6uta Mangu6o unyeni wahe kokuthi waye yanbeleni nokuthi
75. tiphi tomo natise6edayo eyambile eyambile. Yena, nje, amphekele kudla, amwedele umusa. Wahlala, wahlala, enyonyile Mchutsheva, wate wanqi6ilika manje. Wahuluma. Wathi, "Awu! Kwa6a kuhle Mangu6o, fati wami, walima watshola kudla. Tingane tihuluphele! Ahleke Mangu6o, nganolunqane luhleko. Athi, "Qhwe, qhwe! Phela nginelisu Dlomo! Yiyo leno neyeda koku6a ungiteke. Wa6ona kokuthi tingane taho ngingatondla ngendlala.

Ahleke Mchutshwa. Athi, Ehene! Mina ngiyakwati ku6ona ufati! Nga kuteka ngi6ona nje kokuthi nwufati impela fati wami. Ngakutekela yona ihlidiyo yaho le.

Ngiyamangala ngifike tomo tami setingaka, futshi tihuluphele kangaka! Netingane tami tingaka Nekudla kwami kungaka, netuku tami tibuza egqekeni. Ku6e sengathi 6engihona kanti 6engingeho.

76. Atshi Mangu6o, "Au! Impela Mfowethu 6onga lidlodi lekhwenu. Yilona nelangibekayo. Nga ngiyedeni yalunga."

Atshi Mchutshwa Au! Nami u6one kuyiloku nginyamalele, nje, ngediwa yiyona indlala nengayamba. Ngiyi6ona kokuthi iyeta. Ngase ngithi ake ngiye kokwelapha yihona ngitotshola tomo ngitshenge kudla. Kojwa ngayamba ka6i, ka6i. A6anu a6atange 6angiholele tomo tami. Ngate nga6apha tona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kulungile Ihona isiva yami Mphekwa.

Wa6ita injoda yahe waxolisa kuyona wathi ayimxolele ngo6a u6ese*iphethe ka6i elwa nayo. Yamxolela injoda. Nayo yatshi iyagqina kuganga.

Nempela yayeka. Namangu6o wayeka kuthetha. Waphinda wahulelwa. 6aphathana kahle nenyeni wahe wate wa6eletha. Watala isiva yahe nehlophe Ligama layo la6a uNda6a. Yafwana neyise nje lengane. Yanqela yate
86. yasuswa e6eleni ingakhatshatanga.

Ngalenja6a ngenana kona kakuthi umunu wahiwa ngeligati lanomumwe. Uma ligati lelo nelitokweha umunu linesihlungu, umunu nowahiwayo alungi.

72.

Ingane ma itelwe iyelaphwa. Kuthi ma sekuwe iya6a, kufunwe tinyamatane tohe tiphelele. Tishiswe tishe. Ingane ithunciselwe ngato. I6ambwe unina naye embule ma6ele, yihona nawo titowathuncela tinyamatane, ngo6a ayikudla kwengane.

Tithi ma setishile, ke tigaywe. Kuthathwe usidi wato ugqo6we eluhahayini lwengane, nakesiphongweni sayo. Usidi noseleyo ugqo6we ema6eleni enina wengane. Iwunqele ke ingane. Noseleyo nvutshutelwe emahambini
87. engane, ekuboja nekuphuta.

Kuhlale kuhona imbita yengane nephuzwayo iphume ngekasi. Kuhlale kuhona lihambi lekuboja nekuha6ula. Kuhlale kuhona lubojo lwengane. Ma ike yatshi ehe! iyabojwa iyaphutiswa, iye gezwa, ngo6a lihona nelihambi lekuyigeza. Kuguge lelo liqhithwe kufakwe nelisha. Njalo, nje.

Kuhlale kuhona uthi wenina wekuphalata. Kuthi ma ephuphe ka6i, avuke ngeluvivi lwekusa aphalate. Athathe ingane aye koyigezela hona laho ngethi lowo na6ephalata ngawo. Yihona ke lelophupho lingeke layigulisa ingane, i6e nenyamatane.

Mfaniseni Mhlanyawo wayeyingane yaNogada. Atange aticо6e tinyama tane koku6a tiphelele. Wathi eya, kuto6a nani. Ingane yahula ya6a yulu. Ayate yahlakaniphi".

88. Ya6a yisibuzengana nje. Ithe la iyufwana, yahlala ihleka nje. A6anu 6athi yihleka6ayeni. Ithe la icala kweshela, tayala tinombi. Ngoku, yaphuma esuku iyoma enyango wemuti laha ithanda inombi yahona noma ufati wahona. Kuthi esuku la umunu ethi uyaphuma uyosho6inga, a6one ngemunu nje esem6amba.

6ate 6atshelana ngaye a6anu. Kwathi kayeye, wa6amba umkaYeye. Waphuma Yeye wamshaya

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ayiteke.

Ngoба naбo бafwana aбa titekeli бafwati. Ufati umtekela unyoko. Ma eseqhanguzile. Kuye kuthi ma esefikile mshakazi, Ahe amadi, atshote tuni, alime masimu, ahlaku le, apheke asinje, ede yohe imiseбedi. Angalinjeli munu kokutshi utomusita. Yena nje ahutshale aбe 'yisi lwane.

Ma eke wagula enyoluka sisu, бahlekise ngaye бethi uyilivila, tomo talahleka laloбola inyoka ino nje neyetela
93. kulala emwini ngoба esuku ayilali iliбele yinjoda. бamthuke бamthuke unanomunu, ate afwane nesilima.

Nenjoda yahe ite inyunde. Ngoба aбahloniti. Nayo бaya yitshela бathi wadlala ngetomo wena waloбola inyoka.

Uthetho wawunje. Kwakuye kutshi ma ufwaňa eganwe etelwe netinombi noma tine noma tiyisi hlanu, nato tikehaya tingenjanga ndawo, tiбonge mhla kungena mshakazi.

Ngeke ke tiphinje tiphathe seбedi ngesandla. Titohlala nje, Tibinjele kucopha mshakazi. Athi ma eye eseбedini бasale бemhleбa nenina. Ma kuwufatana noyilivila, ate anyonye бesikanisa nenina, бemcopha unanomunu.
94. Nomumwe unanomunu ahuthale. Kwale tihleli tinombi afinyele unanomu Ayifingqe yohe imiseбedi. бeswela nekutshi бatomhleбa ngekuthini.

Nokwatekwa uMveli kwaбa yincaбa. Ehle nako le entlwenge ni la ayelapha hona. Wafika ufati wehlulwa yikusila wapheka dobe ke ngoku. Watihluбa. бahuza lilusnbo aбanu бathi atihluбwa dobe. Akutange kwe deke kokuба umunu ahluбe doбe. Uyatihlafuna umunu angatihluбi.

Kwahlala kwahlala no kuwufati kwatiyambela. Engaбe kwaye kwenjelaphi ngeke ngikutshele. бaбona ngoба бengasakuбoni nje.

Uma ufati ehlulwa useбedi etekwe ngetomo, usuke ethuka yise nenina. Ngoба nakemtini ungafika бemgcona бedelela
95. yise nenina бeбathuka ngehlamba yekuбagconela tomo naбatidlela livila. бalinge ne kumgodusa бathi aye kuбoyise nenina бamyale бona бadla tomo ngeno yaбo ingalungile.

Kojwa nalo livila ma litala бaye бatitshanje tingane. Nalo lite litshole sihundla ngekutala.

Kanti siga nesihona, nesi shiwo kumanombatana nayimavila, utshi ma uyihuta 163 nenomo, kuye kutshiwe, "We! Unje? Yihlo ate atiбite tiphelele. Ma ekugqagqise tingaphelele, ngeke aбuye atitshole.

Mkamhofo wayehutshele eyisilwane! Ninatala wayetele amanombatana, kuhona iyimwe neyayingakenje egqagqa. Namamwe enjele kuje. Nemwe yenjele eduze. Iyilivila.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Si6uye salukati. Sifike ingane seyihala ayisavumi nali6ele. Seyijubuke imadi iphethwe unina. Neyise useme ngetinyawo. Ne6anu 6elijiki se6eqhithekile.

A6e seyihuluma inja6a ninahulu etshi, "kufike Si6a6ili la, watshatsha lusana walunika lithongwane lahe. Lwahala njalo. Lwate lwalingota. Mshakazi walinga neku6ashiyi nelusana ayambe aye kuSi6a6ili atokwe lapha ingane.

Yala injoda yahe yatshi ngeke kulunge ngo6a kunga6a sengatshi 6ayamnuka Si6a6ili kanti yiliqala kunuka umunu.

Kwatshi kusenjalo kwachamuka Twe6u. Mfowa6o mshakazi, kunemwe indlu. Wanjetishaya inyangana. Lyam6a etshwele tihwama.

Wafika ingane ingeve ihala, se yehla neluhahayi! Wathulula tihwama waco6a. Wathunqisa. Ayate yathula Waphinja wathulula waco6a waco6a Watshi ayihunyulwe tingu6o ingane. Nina wayigeza ngethi. Wa6ita lilahle wayithuncisela nge tino tahe. Ingane yahlada lujenja noluje nolungangenyoka.

Yasuke yaphila njalo. Kwaphela kohe.

Watshi Twe6u, "Au! Yemajoja! Lomunu u6econje ku6ulala ingane kani? Uyiphathisa sikhwehlela SeMpofu? Sengite ngayishisela ngaso kandu6a ihlade lenyoka neyede koku6a kwehle luhahayi enganeni. Yasinja njalo ingane. Yasitwa uTwe6u, naye e6ethi uya tiyambela nje eto6ona jajewa6o.

END. S.473

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.